UNkulunkulu Yena Ngokwakhe UYazichasisa

Baba wethu oseZulwini, iLizwi elivela Kuwe lingatsho okwedlula bonke abantu loba yisiphi isikhathi abangakwenza kumbe abangakukhuluma, ngoba abantu balindele ukukubona Wena. Futhi siyakubonga Wena ngoba lokho kukhona labo abangaphansi kokukhangelela, bakhangelele olunye ulutho ukuba lwenzakale. Futhi lapho abantu bewomele enye into, ukuzika kubizela ukuZika, kumele kube lokuZika okuvumela lokho kubiza. Yikho silapha ngobusuku lobu, ngoba kwakusezinhliziyweni zalaba abafundisi, njalo labantu, ukusibiza ndawonye ukukucela Wena isisa futhi lezibusiso, sikholwa ukuba Wena uzakusilisa abagulayo futhi usindise abalahlekileyo, futhi ubonakalise iLizwi Lakho.

2 Futhi siyakhuleka, Baba oseZulwini, ukuba Wena usiphe lokhu thina lapho silindile kuWe, ngokuthobeka ubusuku ngemva kobusuku. Makube loku—lokuthululwa kukaMoya oyiNgcwele, futhi akube ukuthi umuntu wonke aphumputhekiswe kuyo yonke into ephansi kwabo kuphela uNkulunkulu. Makube lokukhala okukhulu okuphuma phakathi kwabantu, bewomele uNkulunkulu, kuze kuze imvuselelo ilizwe lonke lapha futhi lebandla lonke ligcwaliswe ngabantu, izoni zikhala kuNkulunkulu ukuba abe lomusa, futhi—futhi loMoya oyiNgcwele esilisa abagulayo, esenza izilima ukuba zihambe, futhi evusa abafileyo, futhi usiphe lezi izinto ezithenjisiweyo eLizwini Lakho.

3 Woza, Nkosi Jesu, futhi ugcwalise isithembiso Sakho. Woza kithi kulobu busuku. Siyakholwa ukuthi Wena uyafana izolo, lamuhla, futhi laphakade, ukuthi izithembiso Zakho zingeke zehluleke. Konke izulu lomhlaba kuyakuphela kodwa iLizwi Lakho aliyikwehluleka. Ngabe ukuzwisisa kwethu kungavuleka. Ngabe uMoya oyiNgcwele angeza endlale umhlabathi ongahlanyelwanga. Ngabe ukuzwisisa kwethu kungavuleka kuwo uMoya futhi lamandla kaNkulunkulu ngalobu ubusuku, ukuze Yena abonakalise aMazwi aKhe athenjisiweyo ngathi. Ngoba sikucela ngeBizo likaJesu. Ameni.

4 Manje, kusihlwa, lina elikhangela amazwi alotshiweyo, asivuleni eBhayibhilini eBhukwini likaPhetro weSibili, futhi siqale ngevesi ka15, ngokwendlela nje yokukhuluma ngoMbhalo okwesikhatshana.

Njalo ngizakwenza imizamo yonke ukubona ukuthi emva kokusuka kwami lizahlala likhumbula lezizinto.

Ngoba kasilandelanga amacebo *obuqili, inganekwane, lapho silitshela ngamandla langokuza kweNkosi uJesu Khristu, kodwa sasingofakazi abazibonelayo bobukhosi bakhe.*

5 Ngiyakuthanda lokho, "ofakazi abazibonelayo." Hatshi inganekwane. Singabafakazi balokhu esikhuluma ngakho.

Ngoba wamukela kuNkulunkulu uBaba udumo lenkazimulo, futhi *lapho kwafika ilizwi kuye livela enkazimulweni yobukhosi, Le yiNdodana yami ethandekayo, engithokoza ngayo kakhulu.*

Futhi leli ilizwi elavela ezulwini salizwa, lapho silaye entabeni engcwele.

Njalo silelizwi lesiprofethi eliqinisekileyo; laphoke lina ngabe *lingenza kuhle ukuba lilinake, njengokukhanya lokho okukhanya e . . . endaweni emnyama, usuku luze luse, lendosakusa iphume ezinhliziyweni zenu:*

Sisazi lokhu kuqala, ukuthi kakulasiprofetho sombhalo esingachasiselwa ensitha.

Ngokuba isiprofetho kasizanga ezikhathini *zasendulo ngentando yomuntu: kodwa* abantu baka*Nkulunkulu abangcwele bakhuluma lapho beholwa nguMoya oyiNgcwele.*

6 Ngabe iNkosi ingengeza izibusiso Zayo ekufundweni kweLizwi Layo. Manje, ngizakuthatha lokhu kube yisifundo: *UNkulunkulu Yena Ngokwake Uyazichasisa.*

7 Siphila osukwini lokudideka. Siphila osukwini lapho amadoda labafazi abakwazi ukuthi benzeni. Yonke into, i—ikhangeleka iphakathi kwesiyaluyalu. Yonke into, kukhangeleka kulendlela ezinengi zokukhangela. Lowo nguSathane, ukukwenza lokho.

8 Manje, uNkulunkulu angeke ahlulela abantu ngokulungileyo, kakuhle, ngaphandle kube lesilinganiso leso Yena angabehlulela ngaso. Futhi iBhayibhili lithi Yena uzakwahlulela abantu bonke ngoJesu Khristu, futhi uJesu Khristu yiLizwi. KuJohane oNgcwele, isahluko sika 1, ithi Yona:

Ekuqaleni lalikhona iLizwi, iLizwi laliloNkulunkulu, njalo iLizwi lalinguNkulunkulu.

Futhi iLizwi labayinyama, njalo lahlala phakathi kwethu, . . .

9 Manje, sonke thina lamuhla siyisitshengiso sezici zemvelo Yakhe. KuNkulunkulu . . . Okokuqala Yena wayevele

engayisuye uNkulunkulu, uNkulunkulu, singambiza njalo Yena "Yena ongulaPhakade." Wayengasiye uNkulunkulu, ngoba ibala (ibala lesiLungu) *Nkulunkulu* kutsho "into ekhonzwayo" futhi kwakungelalutho olwalumkhonzaYena. Ngakho Yena waye Nguye ongulaPhakade, u—uMthombo omkhulu wokuhlakanipha konke. Futhi kulowu uMthombo wokuhlakanipha konke kwakungela ntwanyana encinyane, isicoco, kumbe ulutho, ukukhanya loba ngaphi, inkanyezi, inyanga, kungela okunye futhi. UNkulunkulu, esikwazi ngokuthi Nkulunkulu, uMoya omkhulu owawungulaPhakade (ungazange uqalise, ungazange ucine), Yena wayekhona. Futhi Kuye kwakulezici: kwakuyizici zokuba nguNkulunkulu, njalo izici Zakhe zokuba nguBaba, izici zokuba yiNdodana, izici zokuba nguMsindisi, izici zokuba ngumSilisi. Zonke lezi izici zaziKuye. Futhi manje Yena . . . Lezi izinto esezisombululekile kusukela ziyizici Zakhe nje zibonakaliswa.

10 Engikutshoyo, *izici* kwakuyi "micabango" Yakhe. Futhi i—i*lizwi* li "ngumcabango uveziwe." Futhi ke lokho kwakusemcabangweni Wakhe. Futhi lapho esithi Yena, "Kakube khona," njalo kwabakhona. "Kakube khona," futhi kwabakhona.

11 Futhi manje, khumbula, lina Makhristu laliyimicabango Yakhe kungakabi lomhlaba. Futhi liyikubonakaliswa kokucabanga kwaKhe. Kungakabi lokuba khona umhlaba, lalikuKhristu, (ameni) kuNkulunkulu ekuqaleni. Lokho kukwenza, ngakho, uyabona, izikhonzi Zakhe. Futhi into yonke nguNkulunkulu, uqobo Lwakhe, eziveza ngoKwakhe ebambeka ukuze Yena aphatheke, abonwe, futhi—futhi lakho konke. Njalo yikho lokho uNkulunkulu ayikho, into yonke.

12 Ngakho abantu bathi, "Incazelo . . . " Ngangikhuluma lapha kungasikudala komunye umhlangano, indoda yathi kimi, wathi, "Mfowethu Branham, ulencazelo engayisiyo. Awukuchasisi kuhle loKho."

13 Manje, siyezwa . . . Baya eMethodist, futhi bathi "AmaBaptist kabachasisi kuhle." AmaBaptist bathi, "AmaPhentekhosti kabakwenzi." AmaPhentekhosti bathi ukuthi "Ama—amaOneness kabakwenzi." AmaOneness bathi, "Ama Assembly kabakwenzi." Futhi omunye ngamunye uthi omunye kabakwenzi.

14 UNkulunkulu unguMchasisi Yena ngokwaKhe! Kadingi muntu ukuba amchasisele Yena. Uyazenzela okwaKhe Yena ukuchasisa. Ngubani umuntu ongachasisa uNkulunkulu? UNkulunkulu Yena Ngokwakhe Uyazichasisa.

15 Manje, uPhetro ekhuluma lapha, siyafumana ukuthi ekuqaleni lapho uNkulunkulu esithi, "Makube khona ukukhanya," futhi kwabakhona ukukhanya, yiyo incazelo kulokho. Lapho uNkulunkulu ekhuluma loba yikuyini futhi

kwakubonakaliswa, ngakho yiyo incazelo kaNkulunkulu ukuthi iLizwi laKhe liqondile. Bona? Lapho Yena esithi, "Kakubekhona ukukhanya," lokho kwakusemcabangweni waKhe kuqala kungakabi lento okuthiwa yikukhanya. Lapho Yena esithi, "Makube khona ukukhanya," ukukhanya kwavela esibhakabhakeni, yiyona ingcazelo. Kakulamuntu omele akuchasise lokho, ngoba uNkulunkulu watsho njalo futhi nanko kwabakhona. Lapho uNkulunkulu ekhuluma futhi kubonakaliswe, yiyo incazelo yeLizwi Lakhe yena. Kungani amadoda bengakuboni lokho? Kungani abantu bengakuboni lokho?

16 Lapho uNkulunkulu esenza isithembiso futhi uNkulunkulu ethi . . . Eku—ekuqaleni, kuGenesisi, Wabela Yena iLizwi laKhe kuso isizukulwane ngasinye lapho sisiza kusukela ekuqaliseni kusiya ekupheleni. Futhi, kusehla kulezi izizukulwane, umhlaba wamasonto usuwenze zonke lezi izinto zaxubana lamasiko, futhi lakho okunye, futhi uNkulunkulu izikhathi zonke uyathumela kubekhona, kusukela kuThestamende eliDala leliTsha, abapfrofethi! Futhi iLizwi leNkosi liza kumprofethi. Futhi likwenza njani Lona? Liyabonakalisa iLizwi likaNkulunkulu. Ukubonakalisa kukaNkulunkulu, lokho okutshoyo ukuba kuqondile kumbe hayi. Kakulamuntu omele akuchasise Khona, Ilizwi liyazichasisa Lona. UNkulunkulu wakuthembisa njalo nanko kusenzakala!

17 Kuncedani ukukhuluma loba yikuyini ngaKho? Ngubani umuntu oyisoni ongazama ukukhuluma (lapho uNkulunkulu wenza isithembiso futhi uNkulunkulu asenze) ukuthi leyo ngcazelo ayisiyo? Lowo nguNkulunkulu ngoKwakhe ezenzela ingcazelo Yakhe ngoKwakhe, echasisa. Kadingi muntu ukuba amchasise Yena, Yena uyazichasisa ngoKwakhe ngokubonakalisa lokho athembisa Yena ukuthi uzakukwenza Yena.

18 O, nxa ibandla lingabona kuphela lokho futhi libone izithembiso ezigatshaniselwe isizukulwane ngasinye! Zonke ezinye izizukulwane, uNkulunkulu uthumele ukuba kube khona (loba kusedlula phakathi kwezizukulwane zamabandla ayisikhombisa) futhi ubonakalise konke lokho athembisa Yena ukukwenza. Konke, kakulanto leyodwa esele ingenziwanga. Xathu! Lokho Yena athi uzakwenza Yena, lokho ukwenzile Yena.

19 Ngoba lapho uNkulunkulu wathi, emuva le kuIsaya, Yena wathi, "Intombi izakhulelwa," futhi yakwenza. Manje, ngubani—ngubani ongakuchasisa lokho? UNkulunkulu wenza ukuchasisa. Yena wathi, "Intombi izakhulelwa," futhi yakhulelwa. Manje, kuyini lokho . . . ungeke . . . Kakulanto engakhulunywa mayelana ngalokho, ngoba uNkulunkulu wathi uzakwenza futhi wakwenza. Kodwa ibandla

laliphumphuthekisiwe ngalesosikhathi ukuze lingakuboni. Bona, babelomcabango wabo ngakho. Kwakwehlukile kakhulu—kakhulu ukwedlula ababekukhangelele.

20 UPhetro lapha wayekhomba emuva, wathi, "UNkulunkulu wabonakalisa uKhristu ngeLizwi Lakhe Yena, Yena wathi, 'Le yiNdodana yaMi ethandekayo.'" La amakholwa ayemi lapho. Futhi uKhristu wayeyikubonakaliswa kukaNkulunkulu. Wayehlezi ebonakalisa uKhristu ngeLizwi laKhe, ngoba uKhristu yiLizwi. Yena uhlezi ebonakalisa.

21 Lapho Yena esithi . . . Ensukwini zikaNowa, uKhristu waye ekuNowa. Liyakukholwa lokho na? UNowa wathi, "Lizakuna. Kuzakuba lezulu, umhlaba uzakubhujiswa." Lana lona. Lokho akuzange kudinge ukuchasiswa. Lana ngoba uNkulunkulu, ekuNowa, wathi, "Lizakuna." Waye engumprofethi, futhi ubufakazi babuyikuthi khona lokho ayekukhulumile kwenzakala. Ngakho kabadingi ukuthi bakuchasise lokho.

22 Abanye babo babengathi, bekhonapho, bathi, "Lumuntu kakwazi lokho akhuluma ngakho."

23 Kodwa uNkulunkulu wayehlezi ethembisile, "Nxa kukhona omunye phakathi kwenu ongowomoya, kumbe umprofethi, njalo akukhulumayo kugcwaliseke, ngakhoke kuzweni." Yikho lokho, ngoba kuliqiniso. Kumele kuhambelane leZwi. Futhi uNowa wayehambelana leZwi. Lapho eprofetha ukuthi lizakuna, futhi lana. Lokho akuzange kudinge ukuchasisa ngalokho, ngoba kwenzeka nje khonokho.

24 UIsaya wathi, "Intombi izakhulelwa," futhi wakwenza. Manje, lokho kwakungejwayelekanga sibili. Ngoba, bona, kwaba yiminyaka engamakhulu amanengi emuva le intombi ingakakhulelwa.

25 Kwakungejayelekanga kangako kwaze kwathi umuntu olungileyo obizo lakhe uJosefa, umkakhe, "engumuntu olungileyo futhi engathandi ukumyangisa ebantwini . . . " Lowo muntu olungileyo ngalezo zinsuku, kwaba kanjani kuJosefa lapho wayethembisile, egane uMariya.

26 Wayeganiwe. Ngalolosuku, ukwephula lokho, kwakufana nje lokwenza ubufebe. Futhi, yeboke, kuJosefa, kwakubonakala sengathi uMariya wayezama ukumsebenzisa njengesiviko, kumbe amenze ihawu lobubi bakhe, ngoba lapha wafunyaniswa esengumama, engatshadanga, ethenjisiwe kuphela. Ubuqili obunjalo, wawukhandwa ngamatshe ufe; kwakumele kubenjalo, ngomthetho.

27 Futhi uJosefa, umkakhe, wayengumuntu olungileyo, umuntu olungileyo sibili. Wayekholwa uNkulunkulu. Futhi lapho wayemkhangela ngalawo amahle, amehlo amakhulu athobekileyo, futhi wathi, "Josefa, uGabriyeli ingelosi eNkulu

yangivakatshela futhi yangitshela ukuthi ngizakhulelwa, ngingazi indoda."

28 Manje, aluba uJosefa wayekhangele emuva eMbhalweni, umprofethi wayethe uzakukwenza lokho! KwakunguNkulunkulu echasisa iLizwi Lakhe Yena! Bona? Kodwa kwakungajayelekanga sibili.

29 Yikho okwenzakala kuloba yisiphi isizukulwana. ILizwi likaNkulunkulu alazakali ebantwini; Alejwayelekanga sibili. UNkulunkulu izikhathi zonke wenza okungajwayelekanga. Akujwayelekanga konke lapho uNkulunkulu akhona. Kuphambene lenhlelo zomhlaba, ngoba izinto bazibeke ngendlela abakhumbula ukuthi ziyizo. Kodwa uNkulunkulu uyangena futhi enze okungajwayelekanga.

30 "Lintombi yayizakhulelwa njani?" Wayeqotho, wadinga uNkulunkulu ngakho.

31 Futhike uNkulunkulu wakhuluma kuye ngephupho, futhi wathi, "Josefa, wena ndodana kaDavida, ungesabi ukuzithathela kuwe UMariya abengumkakho, ngoba lokho akhulelwe ngakho phakathi kwakhe ngokukaMoya oNgcwele. UNkulunkulu umembesile. Lokhu yikho okukwenzileyo."

32 Uke wananzelela ukuthi uNkulunkulu usebenze njani loJosefa lapho? Ngendlela yesibili, ngendlela yephupho. Manje, siyazi ukuthi kulamaphupho, siyakholwa ngamaphupho. Ngiyakholwa ngamaphupho. Kube . . . UNkulunkulu uhlezi esebenza labantu ngamaphupho. Kodwa amaphupho yindlela yesibili, bona, kungaba kuqondile kumbe kungangayisikho ngaphandle kuchasiswe. Kodwa wayengadingi incazelo. KwakunguNkulunkulu ngokwaKhe ekhuluma eqonde uJosefa, ngoba kwakungela mprofethi elizweni ngalezonsuku ukuchasisa. Akuzange kube lomprofethi okweminyaka engamakhulu amane. Ngakho okulandelayo okungcono, okokuthi uNkulunkulu wanakakela inhlalakahle, inhlalo yeNdodana Yakhe Yena, wakhuluma kuJosefa ngephupho futhi kungela kuchasisa. Wathi, "Umfazi uqondile. Leyo Nto eNgcwele ekhulelwe phakathi kwakhe yiNdodana kaNkulunkulu." Akuzange kudinge incazelo.

33 UNkulunkulu wenza Yena eYakhe incazelo kwezimqotho, inhliziyo ezipheleleyo. Amadoda labafazi labo abakhangela phezu kwe—kwento eyimfihlo, nxa umqotho futhi uphelele njalo ukholwa, UNkulunkulu ulendlela yokukuchasisela. Okokuqala, dinga ukuba kuyisithembiso. Ngabe uJosefa wayebuyele emuva nje futhi wasuka emasikweni njalo wabuyela eBhayibhilini, futhi wafumana, uIsaya wathi wayezakwenza lokho.

34 Futhi lezinto lezo ezakhulunywa ngazo, futhi lokuzalwa Kwakhe, njalo lamayelana ngakho konke kwakhulunywa yiMbhalo, "ngabaprofethi abangcwele," njengoPhetro watsho.

Futhi kakulamuntu olelungelo lokufaka loba yiphi incazelo ngasese kulokho. Yikho xathu njengalokho uNkulunkulu wathi kuzenzakala. Waye eyikubonakaliswa kweLizwi likaNkulunkulu elithenjiselwe lolosuku. UNkulunkulu wakukhuluma, ngakho nanko kwabakhona. Lokho kwayiqeda indaba.

35 UJesu wathi . . . Lapho Yena esemhlabeni, lapho bengazwisisi inkonzo Yakhe, yayinkulu kakhulu, iyisimanga kakhulu, (babengakwanisi), isimangaliso, bengisitsho. Babengela kumzwisisa Yena. Wathi Yena, "Hlolani imiBhalo!" (Ngithemba kangilivali indlebe khonangapho, ngibhongela kulokhu.) "Hlolani imiBhalo, ngoba Kuyo likhumbula ukuba lilokuPhila okungaPheliyo, futhi Yiyo efakaza Ngami." Bona? "Yiyo Yona ekutshela ukuthi Ngingu Bani."

36 Bona, uNkulunkulu wabeka iLizwi. Lolo suku lwaluzakuba yikubonakaliswa kukaNkulunkulu, uNkulunkulu (Imanyuweli) elathi, "IBizo laKhe liyakubizwa oMangalisayo, uMeluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu uSomandla, uBaba ongelakuPhela. Futhi iBizo laKhe liyakubizwa *Imanyuweli,* 'UNkulunkulu ulathi.'" UNkulunkulu waye ekuDavida. UNkulunkulu waye ekuMose. UNkulunkulu! NguNkulunkulu indlela yonke, ezibonakalisa ngoKwakhe kuleso sizukulwane. Kodwa lesi isizukulwane, "Intombi iyakukhulelwa futhi izale iNdodana, njalo Yena uyakuba nguNkulunkulu elathi."

37 Yikho lokho abambethelela khona Yena, ezenza Yena uNkulunkulu, futhi lokwaphula iSabatha. Waye engu— Waye enguNkulunkulu phezu kwe Sabatha, futhi Waye enguNkulunkulu. Futhi Yena wayengayisuye umuntukazana kumbe umprofethi nje (kodwa Yena wayengu Muntukazana futhi loMprofethi), kodwa Yena waye nguNkulunkulu-Mprofethi. Futhi Waye eyikugcwaliseka kweLizwi, khonokho kanye uNkulunkulu ayethe uzakwenza Yena. Wathi, "Nguwuphi phakathi kwenu ongaNgilahla ngesono? Hlolani imiBhalo! Kiyo likhumbula ukuba lilokuPhila okungaPheliyo, njalo Yiyo efakaza Ngami." Kodwa amasiko abo, babephila ngokuphandleka kwesinye isizukulwane.

38 Njengoba ngangitshumayela amaviki ambalwa edluleyo, "*Ukuphila phakathi kokuphandleka.*" Ukuphandleka li "jankalajimu," ilanga lizikhanyisa, futhi akusikho. Futhi ukuphandleka kwesinye isizukulwane yisikhanyiso samanga. Abantu izikhathi zonke bahamba phakathi kwento eyenzakala iminyaka eyedlulayo. AmaLutheran ahamba ekuphandlekeni kwamaLutheran. Ukukhanya kwelanga lika Luther kwakukuhle ngelanga lakhe; UWesley kwakukuhle ngosuku lwakhe; AmaPhentekhosti kwakukuhle ngosuku lwakho. Sikhwela ilele, siphila kwesinye isizukulwane! Siyaqhuba sihamba, sihamba, singeke saqhubeka sikhangela emuva.

39 Lapho sihlaliseka ezintweni, sicabanga ukuthi konke sesikwenzile, sithatha amasiko ethu siwagoqele; futhi kwakukuhle konke lokhu ngalona lolosuku, kodwa siyahamba siyaphambili! Hlola imiBhalo futhi ubone lokho okuthenjiswe lamuhla, ngakho sizabakwazi ukuthi singaphi, yikho singatsho ukuthi simi ngaphi.

40 ULuther; ungakhangela eMbhalweni futhi ubone kuleso—kuleso sizukulwane seSadisi, ungabona khona sibili okwathenjiswayo. Khangela ukuba ngumgadi bani owaphumayo, khangela okwahamba ukuyomlwisa, yikho kanye, "ukuhlakanipha komuntu," inguquko. Khangela uWesley, njalo lokunye. Njengoba kwakusehla kungena esizukulwaneni sePhentekhosti, futhi kusehla kudlula lesosizukulwane, bona ukuba kwahamba njani. Khangela imiBhalo futhi ubone lapho esikhona. Yiso isizatho uJesu wathi, "Hlolani imiBhalo!"

41 Bona lapho esesikhona! Ngiyakholwa sisekuBuyeni kweNdodana kaNkulunkulu khona manje. Ngiyakholwa sisesikhathini se—isikhathi sona lapho angabonakala Yena loba yisiphi isikhathi. Ngiyakholwa imiBhalo iyakubonakalisa lokho, ukuthi sisesikhathini sokucina sembali yalumhlaba. Ngiyabona izinto zibumbeka. Bona luManyano wamaBandla ukhokhelela amabandla wonke kuwo, phakathi kophawu lwesilo. Futhi uyabona uMbuso weRoma njalo lalokho okwenzayo, futhi lakho konke. Ubabona besiza ndawonye, bevalela phandle ukuKhanya, bevala iVangeli. Wonke umuntu uzamele abelilunga lawo futhi ahambe ekukhanyeni kwabo kumbe ungeke uhambe lakancane. Bona, sesisekupheleni kwesikhathi. Kakusela lutho olusaseleyo kithi kodwa ukubambelela kuNkulunkulu futhi lokukholwa iLizwi laKhe. ILizwi lihlezi liqondile.

42 Esizukulwaneni sebandla leLawodekhiya, kwakuyisizukulwana sebandla sodwa, phakathi kwazo zonke, lapho uKhristi waxotshelwa phandle kwebandla. Waye ephandle, eqoqoda. Kuyini okwenzakeleyo? LuManyano wamaBandla yiwo ozakumkhuphela phandle. IBhayibhili yathi Yena uzakukhutshelwa phandle, futhi unjalo Yena. Kuvalela phandle ini? ILizwi. Futhi Yena uyiLizwi, Yena uhlezi eyiLizwi, futhi Yena ulokhu eyiLizwi ngalobu ubusuku! Yena uyiLizwi.

43 IBhayibhili lathi, "ILizwi libukhali kakhulu, lilamandla kakhulu ukwedlula umhedla osika nxa zombili," AmaHebheru, isahluko sesi 4, "lidalula imicabango lenhloso zenhliziyo." ILizwi lalinjalo! Babemele bakwazi ukuthi Yena waYe engubani lapho uJesu ekhuluma lokho ngalolosuku.

44 Khangela lokho akwenzayo. Ngolunye usuku Yena waye emi lapho, ukuqala kokuqalisa kwenkonzo Yakhe. Kwakulomuntu oweza Kuye, obizo linguSimoni, uSimoni Phetro. Futhi lapho uPhetro emkhangela Yena njalo—njalo wambona Yena, uJesu wathi kuye, "IBizo lakho ungu Simoni futhi uyindodana ka

Jonasi." (Wayemele abekwazi ukuthi uMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wakho uzavusa uMprofethi onjengami, futhi Yena kumele limuzwe.") Futhi nansi iNdoda eyayingakaze imbone empilweni Yakhe, yathi, "IBizo lakho unguSimoni futhi uyindodana kaJonasi." Ngani, wabakwazi khonapho ukuthi lokho kwakungeke kube. . . Babengazange babe lomprofethi okwamakhulu eminyaka, futhi nansi iNdoda lapha imtshela ukuthi yena wayengubani. Akumangalisi wayenelisa ukukwamukela!

45 UFiliphu, ngalesosikhathi, wahamba futhi—futhi wafumana uNathanyiyeli phansi kwesihlahla, futhi wambuyisa kuJesu. UJesu wathi "Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye."

Wathi, "Rabi, ungaze okwanini Wena?"

46 Wathi, "UFiliphu engakakubizi, lapho ungaphansi kwesihlahla, ngikubonile."

47 Wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu! UyiNkosi kaIsrayeli." Wayekwazi ukuthi yikho! Ini? Kakuzange kudinge ingcazelo, UJehova wakutsho lokho!

48 Kwema lapho labo abangazange bakukholwe. Bathi, "LuMuntu nguBhelizebhubhi. Ule—Ulamasalamusi athile awadlalayo Yena. Yena—Yena uyisangoma esibhulayo, kumbe enye into."

49 UJesu wabakhangela, futhi wathi, "Ngani, ungakhuluma lokho kubi ngeNdodana yomuntu, kuyakuthethelelwa wena. Kodwa nxa uMoya oNgcwele esebuyile ukwenza into yinye, ungakhuluma kubi ngaLokho, akusoze ukuthethelelwe, kulo umhlaba kumbe umhlaba ozayo." Waye ephorofita ngosuku lwethu, usuku lolo esizalubona. Ngoba Yena uyafana izolo, lamuhla, futhi laphakade.

Khumbula, kwakunguJesu Khristu owaye ekuMose.

50 KwakunguJesu Khristu lowo owayekuDavida. Lapho uDavida, indodana ka. . . UDavida wenyuka entabeni, inkosi elahliweyo, futhi wakhala phezu kweJerusalema, kwakusingelutho kodwa uKhristu owaye ekuye. Okweminyaka ephose ibe ngamakhulu ayisificaminwe mibili elandelayo, iNdodana kaDavida yahlala phezu kweNtaba yamaOliva futhi wakhangela phansi eJerusalema njalo wakhala, futhi wathi, "Jerusalema, Jerusalema, kukangaki lapho bengithanda kangakanani ukukubuthela ndawonye njengesikhukhukazi sibuthela amatsiyane aso, kodwa awuthandanga!"

51 Lapho uJosefa esentolongweni, lowo kwakunguJesu. Lapho ethengiswa phose okwamandibilitshi angamatshumi amathathu esiliva, lowo kwakunguJesu. Lapho esenziwa umuntu kaPhothifa, lowo kwakunguJesu. Lapho ehlala ngasesandleni sokudla sika Faro. Futhi lapho esuka, umuntu wonke. . . uphondo lwakhala, futhi wonke wayemele aguqe idolo, lowo

kwakunguJesu. Kwakungelamuntu owayengeza kuFaro kuphela ngo—ngoJosefa; akulamuntu ongeza kuNkulunkulu, kuphela ngoJesu. KwakunguJesu, iLizwi elaprofethiwayo ligcwaliseka, lakhulunywa ngamathunzi langemifanekiso.

52 Lapho uJesu elapha emhlabeni, Yena wenza into yinye abaprofethi abayenzayo, yikho babakwazi ukuthi Yena waye yikubonakaliswa kukaNkulunkulu kweLizwi lakhe Yena. Kalizange lidinge ukuchasiswa.

53 Lapho uNathaniyeli ekubona lokhu, wawa phansi, wathi, "Wena uyiNkosi yako Israyeli, iNdodana kaNkulunkulu, iNkosi yakoIsrayeli. Siyakwazi Wena, akulamuntu ongakwenza lokhu."

54 UNikhodimu weza ebusuku, wakhuluma into yinye kubaFarisi. Kodwa, uyabona, babegwegwekile eMphakathini woManyano wamabandla abo lokho babengeke bakwamukele Khona. Wachasisa lokho abakukhulumayo, bethi, "Rabi, thina . . ." Ngubani u "thina"? UMphakathi wabo! "Siyakwazi ukuthi Wena ungumfundisi oza evela kuNkulunkulu, ngoba kakulamuntu ongenza lezi izinto ngaphandle uNkulunkulu abe laYe." Bakuqaphela Khona, babakwazi ukuthi Kuyikho, kodwa babebambekile kukho.

55 Futhi uNkulunkulu, eminyakeni engamatshumi amane edlulileyo, unyikinye ilizwe leli ngobhaphathizo lukaMoya oNgcwele, futhi amadoda labafazi lokhe bengaphandle Kwakho ngoba bagwegwe entweni yinye, baphila ekuphandlekeni kolunye usuku. Kuyini uhlupho? Umuntu wonke ufuna ukuba ngumMethodist, umBaptist, umPresbyteri, umLutheri, kumbe okunye. Bona, yikuphandleka.

56 Babephila ekuphandlekeni kosuku lukaMose. Wathini Yena? Yena wathi . . . Bona bathi, "Thina singabafundi bakaMose."

57 Yena wathi, "Aluba lalimazile uMose, lalizakungazi Mina. UMose waloba Ngami!"

58 Aluba lalimazile uLuther, lalizakubasazi lesi isizukulwane! Aluba lalazile iMethodist, lalizakwazi lesi isizukulwane! Ngoba uKhristu waloba ngalesi isizukulwane! AMazwi lawo agcwalisekayo khathesi kumele agcwaliseke kulesi isizukulwane. Akudingi muntu ukuthi akuchasise Lokho, uNkulunkulu uyazenzela Yena ukuchasisa Kwakhe. UNkulunkulu uyazichasisa Yena, ngoba Nguye Yena kuphela ongakuchasisa Lokho. Izithembiso zikaNkulunkulu izikhathi zonke ziyakuqinisa lokho akukhulumayo Yena, futhi yiyo ingcazelo.

59 Manje, uJesu, (ukugcina isikhathi), uJesu wathi, kuJohane oNgcwele, isahluko 14, indima 12, "Lowo okholwa Kimi, imisebenzi leyo eNgiyenzayo laye uzakuyenza futhi." Wakukhuluma Yena yini? Lokho kunjalo. Lokho akudingi

loba yiphi ingcazelo. Nxa umuntu esenza lowomsebenzi, lowo nguNkulunkulu. Impela!

60 Yena futhi wathi lapho, "Njengoba kwakunjalo ngensuku zikaLothi, kuyakuba njalo ekubuyeni kweNdodana yoMuntu." UJesu wakutsho lokho. Wakutsho Yena yini? Impela, Yena wakutsho! Lokho akudingi ukuchasiswa.

Bathi, "Yebo, lokho kwakusitsho . . . "

61 Kwakusitsho khonalokho Yena akutshoyo! "Njengoba kwakunjalo ngensuku zika Lothi, kuyakuba njalo ekubuyeni kweNdodana yomuntu." Phoke kwakuyini mayelana lensuku zikaLothi? Kasibuyeleni okwesikhatshana, sifumane ukuthi babesenzani.

62 Kwakulenhlobo ezintathu zabantu ngensuku zikaLothi: ikholwa, ofanisela ukukholwa, futhi longakholwayo. Lokho kusembuthanweni wonke, yinto yinye.

Sifumana ukuthi amaSodoma kwakungongakholwayo.

ULothi wayengofanisela ukukholwa.

63 UAbrahama wayengokholwayo. Yena wayenguye isivumelwano esaqiniswa kuye. Yena nguye owayekhangelele indodana ethenjisiweyo. Yena nguye owayekukhangelele. Ameni. (Kangizenzeli u "ameni" kimi. *Ameni* kutsho ukuthi "Akube njalo!") Futhi khona kunjalo. UAbrahama wayengekho eSodoma. UAbrahama wayengasenhla futhi phandle kweSodoma. Yena ungumfanekiso weBandla lomoya lamuhla.

64 ULothi ungumfanekiso wenhlanganiso yebandla phansi le eSodoma futhi. Khangela, iBhayibhili yathi khona, "Izono zeSodoma zahlukuluza umphefumulo wakhe olungileyo nsukuzonke." Kungani engazange abe lesibindi ngokweneleyo ukumelana lakho? Kulamadoda amanengi ahlezi esontweni lamuhla, abakhangele phandle futhi bebona abafazi begqoke amabhulugwe amafitshane njalo lamadoda besenza lezi izinto, futhi lamalunga abo behamba, bedlala igolufu ngeNsonto, njalo lamadili amapikiniki, futhi lokubhukutsha njalo lezinye izinto, kulokuba baye esontweni. Bahlala ngekhaya ngolweSithathu ebusuku, bebukela ithelevishini, kulokuba baye esontweni. Bazwa befuna ukukhuluma ulutho ngakho, kodwa ibhodi ingabaxotshela phandle. Yikuyini indaba? NguLothi njalo, ekhangele efasteleni lakhe futhi ebona isono, futhi esesaba ukubiza isono "isono"!

65 UAbrahama wayengekho enkingeni yabo, waye engaphandle kwayo. Yena waye engumfanekiso weBandla lomoya. Manje khangela lokho okwenzakalayo ekupheleni kwesikhathi, umlilo ungakehli. Futhi labo kwakungabeZizwe. Kwakutshengisa ngaphambili umlilo usehla phezu komhlaba wabeZizwe lamuhla, lapho imibuso izakudilika futhi itshiswe. "Amazulu

azakuba semlilweni," itsho iNkosi, "futhi ayakutsha ngokutshisa okukhulu." Lokho kwakulithunzi lakho.

66 Manje asibafanekiseni. Nangu uAbrahama evele ephandle, engekho eSodoma, waye ephandle kweSodoma. ULothi wayelokhu eseSodoma.

67 Into emangalisayo, ngokunye ukusa okutshisayo, phose ngeletshumi lanye nta kwakungaba njalo, wabona amadoda amathathu esiza, abantukazana, behamba endleleni, indledlana. UAbrahama waye ehlezi ngaphansi komokhi, eziphumuza yena. Waye ephumile phandle, mhlawumbe lemihlambi ngalokho kusa, wangena, phose emini enkulu. Futhi wabona amadoda amathathu esiza. Futhi kwakulenye into mayelana lalawo madoda, leyo, eyahlokoza imikhumbulo yabo. O, bantu!

68 Kuhlezi izikhathi zonke kulenye into ngoNkulunkulu, lapho nxa Kusiza phakathi kwabantu, Kuyahlokoza umkhumbulo. Bayakwazi Lokho. Kulenye into ebatshelayo, kulesiqiniso lapho.

69 UAbrahama wagijima ngokuphangisa, futhi wathi, "Nkosi Yami, dlula lapha futhi ngikutholele amanzi amalutshwana, ngiwathole futhi ngigeze izinyawo Zakho, njalo ngikuphe Wena ucezu lwesinkwa, futhi ube usuhamba indlela Yakho." Ngakho waphambuka. Yena wagijima phakathi komhlambi futhi wathola ithole njalo walibulala, wenza inceku ililungise. Waya ethentheni, phansi kwakhe, futhi wenza uSarah ukuba avube ifulawa, wenza okunye, kumbe imphuphu, wenza isinkwa, njalo wenza amakhekhe eziko. Wawaletha futhi wawaphakulula. Lapho besahlezi lapho, besidla, baqala ukunanzelela, liNdoda yaye ilokhu ikhangela ngase Sodoma. Futhi wathi Yena . . .

70 Ababili babo, khumbula, behla besiya eSodoma. Ababili baya eSodoma. Ngiyacela lingakukhuthi lokhu. Ngikhuluma ngalokho uJesu akutshoyo. Ababili babo baya eSodoma ukuyakhupha uLothi lalokho okwakulungele ukukhutshwa phansi lapho. Futhi labo ababili abahamba phansi le, bahamba phansi futhi batshumayela. (Futhi kwakuloYedwa owasala emuva loAbrahama. Khangela isibonakaliso Yena asenzayo.) Bazuza isibonakaliso phansi le, kwakule . . . amaSodoma atshaywa ngobuphofu. Ukutshumayela iVangeli kuhlezi kuphumputhekisa kulowo ongakholwayo. Futhi nanzelela okuyikho okwayenzakalayo.

71 Manje, kuloYedwa ome emuva lapha futhi wenza isibonakaliso phambi kuka Abrahama.

72 Manje, wake wananzelela, loba ngubani owezembali, landela imiBhalo, landela imbali, akukaze kube lesikhathi phakathi kwezizukulwane zebandla lapho umuntu ahamba khona emabandleni abuthukuthuku phandle emhlabeni le, phandle le ezinhlanganisweni zamasonto, akukaze kube lendoda leyo ibizo

lakhe licina njengo Abraham, h-a-m, kuqala. Kodwa lamuhla balaye oyedwa, G-r-a-h-a-m. Lokho kunjalo. Ehamba phansi le, ebabizela ukuba baphume. Yena wenza umsebenzi omangalisayo ngakho. Graham, uBilly Graham, Inceku kaNkulunkulu phandle le phakathi kwamasonto, abezombangazwe, futhi lokunye, ekuphahlaza.

73 Ngelinye ilanga lapho bemfuna ukuba akhankasele ukuba nguMongameli, wakwala ngokuphangisa. Nkulunkulu, mbusise ngakhonalokho. Ngani, lawo mankampani otshwala, waye eyabe engakaqalisi lokuqalisa njengangokuba. Babeyabe besebenzise izigidi zezigidi zamadola, ngoba waye eyabe ewavalile loba kunjalo, lawo mankampani egwayi futhi lezinto ezinjalo. Bona, uphandle le njengesithunywa sikaNkulunkulu kwabaseSodoma. Kunjalo sibili.

74 Kodwa khumbula, kwakuloYedwa owasala loAbrahama, eyinye iNdoda, hatshi labo ababili abehlela lapho njengabavangeli besimanje manje abaya lapho ukutshumayela. Nanzelela, kwakuloYedwa owasala lapho. Ababili behla *ngaleyo* ndlela, futhi oYedwa wasala *lapha* loAbrahama. Futhi loWo owasala loAbrahama wamupha isibonakaliso.

75 Manje khangela, ibizo lakhe lalibe ngu "Abram" futhi lomkakhe waye engu "Sarayi," ilanga nje elilodwa kumbe amabili ngaphambi kwalokho. UNkulunkulu waye ebonakale kuye futhi wamtshela, "Manje sengitshintsha ibizo lakho kusuka kuAbram kusiya kuAbraham." (Bona, G-r-a-h-a-m ngamabala ayisithupha, indoda.) Kodwa A-b-r-a-h-a-m ngamabala ayisikhombisa, amabala ayisikhombisa; h-a-m, kuphetha ngo h-a-m.

76 Manje, phezulu lapha eBandleni likamoya, kwakuloYedwa phezulu le kuAbraham, futhi nanzelela lokho akutshoyo Yena. Wathi Yena, "Abraham," ("hatshi Abram") "Abraham, ungaphi umkakho" (hatshi "S-a-r-r-a") "S-a-r-a-h? Ungaphi umkakho uSarah?"

77 Khangela lokho akutshoyo, "Usethentheni ngemuva kwaKho."

78 Futhi Yena wathi, "Ngizakukuvakatshela. Ngizakukuvakatshela." Bona leso isabizwana somuntu, Lowo, mayelana lesithembiso Yena ayesenzile. Lowo kwakunguNkulunkulu! Yena wathi, "Ngizakukuvakatshela."

79 Futhi uSarah, (ngendlela leyo sonke esingazwisisa ngayo) wahlekela ekhwapheni, yena ngokwakhe, wathi, "Mina, umfazi oseluphele, iminyaka elikhulu ubudala, nkosi yami" (okwaku nguAbraham) "eseluphele laye, esedlule isikhathi sempilo salokhu njengabantu abatsha." Wathi, "Ngani, asingeke sibe lenjabulo ezinjalo futhi, sengiluphele futhi laye useluphele." Futhi wathi, "Besingeke sibe lakho lokho." Futhi wathi, "Kanjani? Lezi izinto zingeke zibe njalo!"

80 Futhi i—iNdoda (UNkulunkulu esenyameni yomuntu) wathi, “Kungani uSarah ehlekile futhi wathandabuza, esitsho lezi izinto?” Ethentheni, ngemuva kwaKhe.

